

NAL'IBALI

UKUKHUTHALELA UKUFUNDA!

Siyazi ukuthi ukufunda izincwadi eziningi kusiza ukwenza izingane zibe ngabantu abafunda okubhaliwe kangcono. Uma sifunda ukukhuthaza izingane zethu ukuba zifunde futhi ziqhubeke nokufunda njalo nje, kungaba usizo olukhulu ukuqonda ukuthi yini ezigqogquzelela ukuba zifunde. Nakhu okushiwo ezinye izingane ezineminyaka eyisi-9 neyi-10 mayelana nezincwadi nokufunda.

MOTIVATED TO READ!

We know that reading lots of books helps to make children better readers. If we want to get our children reading and then keep them reading, it's really helpful to understand what motivates them to read. Here is what some children aged 9 and 10 had to say about books and reading.

IZINGANE ZITHE:

... makhulu kakhulu amathuba okuthi zingafunda incwadi ezizikhethele yona kunencwadi eziyikhethele uthisha noma umzali.

... zithanda izincwadi ezihambisana nezinto ezizithathekayo.
... they liked books that matched their interests.

... makhulu kakhulu amathuba okuthi zikhethe izincwadi ezinamakhava athathekayo nezinezigaba ezigijimisa igazi, ezihlekisayo noma ezethusayo noma ezinemifanekiso emihle kakhulu.

... they were more likely to choose books that have exciting covers and action-packed plots, are funny or scary or have great illustrations.

... iningi lezincwadi ezizifundayo zisuke zithathwe emtatsheni wezincwadi.
... most of the books they read came from a library.

... they were more likely to read a book that they had chosen themselves than a book chosen for them by a teacher or parent.

... imitapo yezincwadi izinike ithuba lokubuka inqwaba yezincwadi ezahlukene ngaphambi kokukhetha lezo ezifuna ukuzifunda.
... libraries gave them the opportunity to look at lots of different books before choosing the ones they wanted to read.

... intshisekelo yazo yokufunda yokhelwa futhi yakhuthazwa amalungu azo omndeni (ikakhulukazi onina), othisha kanye nabangane.
... their interest in reading was sparked and encouraged by their family members (especially their mothers), teachers and friends.

THE CHILDREN SAID THAT:

Yini okudingeka siyenze?

- Ukuqinisekisa ukuthi izingane zethu ziyakwazi ukuthola izincwadi nezindaba eziningi ezahlukene. Nikeza izingane zakho ithuba lokujoyina ikilabhu yokufunda noma uziqalele eyakho.
- Hambisa izingane zakho emtatsheni wezincwadi futhi, uma ukwazi, uzithengele izincwadi.
- Zidedele zizikhethele izincwadi zazo.
- Khuluma nezingane zakho ngezincwadi futhi uzifundele, noma ngabe zingakanani ubudala.
- Zikhuthaze ukuthi zixoxe nezinye izingane ngezincwadi.

What do we need to do?

- Make sure that your children have access to lots of different books and stories. Let your children join a reading club or start one of your own.
- Take your children to the library and, when you can, buy books for them.
- Let them choose their own books.
- Speak to your children about books and read to them, no matter their age.
- Encourage them to speak to other children about books.

NIKELA & WABELANE NGEZINCWADI

Uma unezincwadi ongasazifundi, awunikeli ngani ngazo esikoleni, emtatsheni wezincwadi noma ekilabhini yokufunda? Kanti ungashintshana ngazo nabangani, nabomndeni noma utsheleke ofuna ukufunda incwadi emnandi.

DONATE & SHARE BOOKS

If you have books that you no longer read, why not donate them to a school, library or reading club? You can also swap books with friends and family members or lend one to someone who would like to have an interesting book to read.



Drive your imagination

donations



IT STARTS WITH A STORY.
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

Izimbewu Zokufunda Nokubhala!

Funda ukudlala, dlala ukuze ufunde

Literacy Seeds!

Learn to play, play to learn

Bazali abathandekayo nabanakekeli bezingane ezincane, ngokudlala imidlalo “yokuzenzisa”, izingane zethu zifunda ukusebenzisa izimpawu. Lokhu kusho ukuthi zifunda ukusebenzisa into eyodwa ukumela enye into. Isibonelo: ingane yakho ingase yenze sengathi ithoyizi lemoto liyifoni noma ibhokisi lezicathulo liyibhasi. Ezincwadini, amagama ayizimpawu. Amele imicabango nemibono yethu. Ngokudlala imidlalo “yokuzenzisa,” izingane zethu zithuthukisa ukuqonda izimpawu okuyinto ebalulekile ekufundeni ukufunda.

Dear parents and caregivers of young children, by playing “pretend” games, our children learn to use symbols. This means that they learn how to use one thing to represent something else. For example: your child may pretend a toy car is a phone or a shoe box is a bus. In books, words are symbols. They stand for our thoughts and ideas. Through playing “pretend” games, our children develop an understanding of symbols, which is essential for learning to read.



Nazi ezinye zezindlela ongakhuthaza ngazo ukudlala kwezingane “kokuzenzisa”.

✿ **Zijoyine.** Cela ukuba omunye wabalingiswa emdlaweni wezingane zakho bese ujoyina umdlalo. Zibeke ezingeni lazo ngokuhlala phansi noma esihlalweni esifushane. Lokhu kuzosiza uxhumane nazo.

✿ **Bukela bese uyalandela.** Zama ukukhipha amathoyizi angasetshenziselwa umdlalo “wokuzenzisa” bese uyabona ukuthi yini edonsa ingane yakho. Dlalani umdlalo “wokuzenzisa” ingane yakho ekhetha ukuwudlala. Izingane zigqugquzeleka kangcono uma ulandela lapho zikuhola.

✿ **Shintshanani.** Kwesinye isikhathi ngesikhathi sokudlala, kulula ukuthi sizizwe sengathi sidinga ukuba phambili kube yithina esizikhombisa okufanele zikwenze. Kunalokho, yenza okuthile ngethoyizi onalo, bese ulinda isikhashana ukuze ingane yakho yenze okuthile ngethoyizi layo.

✿ **Funda uphimise.** Izindaba zipha izingane inqwaba yemibono engenamkhawulo ezingayisebenzisela abalingiswa, isendlalelo indaba eyenzeka ngaphansi kwaso nezimo ezingazisebenzisa emdlalweni wazo “wokuzenzisa”.



Here are some ways you can encourage your children’s “pretend” play.

✿ **Join in.** Ask if you can be a character in your children’s game and then join in the game. Get down to their level by sitting on the floor or on a low chair. This will help you to connect with them.

✿ **Watch and follow.** Try putting out some toys that could be used for “pretend” play and see what catches your child’s interest. Play the “pretend” game that your child chooses to play. Children are more motivated to play with you when you follow their lead.

✿ **Take turns.** Sometimes during play, it’s easy for us to feel like we need to take over and show them what to do. Rather, do something with the toy you have, then wait a while so that your child can do something with his toy.

✿ **Read aloud.** Stories offer children an endless supply of ideas for characters, settings and situations that they can use in their “pretend” play.



Drive your imagination



Uhambo lokufunda okubhaliwe

Ukufunda ukufunda okubhaliwe kuwuhambo lokuthola ulwazi. Ungase uqaphele ukuthi ingane yakho eyayivame ukukubalekela lapho uzama ukuyifundela, manje isinencwadi yezithombe eyintandokazi efuna uyifundele yona ngokuphindaphindiwe! Noma mhlawumbe ingane yakho endala yenza sengathi ifunda encwadini yezithombe ejwayelekile. Uma ufunda nezingane zakho njalonjalo, uzoqaphela ukuthi imikhuba yazo yokufunda iyashintsha ngokuhamba kwesikhathi.

The reading journey

Learning to read is a journey of discovery. You may notice that your child who used to run off when you tried to read to them, now has a favourite picture book that they want you to read over and over again! Or maybe your older child pretends to read from a familiar picture book. If you read with your children regularly, you will notice that their reading habits change over time.



- ★ Izingane zingathula cwaka lapho uqala ukuzifundela incwadi, okubonisa ukuthi zilalele, futhi kwesinye isikhathi zingashaya izandla noma zikhahlele ukubonisa ukujabula kwazo.
- ★ Ngenkathi izingane ziqala ukuzama "ukuzifundela" ngokwazo, zivame ukuphenya amakhasi encwadi, zibuke izithombe ngenkathi ziziqambela eyazo indaba.
- ★ Ingabe zikhona izincwadi zezindaba izingane zakho ezicela ukuthi uzifundele zona ngokuphindaphindiwe? Ungafica izingane zakho "zizifundela" lezi zincwadi zodwa ngokubuka izithombe nokuxoxa indaba. Zingase zisebenzise ingxube yamagama azo kanye namanye amagama angempela avela endabeni. Lesi yisinyathelo esibalulekile sokufunda ukufunda okubhaliwe ngoba kusho ukuthi izingane ziyabona ukuthi amagama abhalwe phansi awashintshi ngesikhathi ngasinye lapho uwafunda.
- ★ Njengoba izingane ziqala ukuzifundela ziphimise, ungaqaphela ukuthi zizama ukuqagela ukuthi liyini igama ngokucabanga ngalokho osekwenzekile endabeni. Noma zingasebenzisa izithombe ukuze zibonise ukuthi igama ezingalazi lingaba yiliphi. Lezi zimpawu ezisobala zokuthi izingane zakho sezisendleleni yokuba ngabafundi abazimele.



- ★ Babies may become quiet when you start to read a book to them, showing that they are listening, and sometimes they will clap or kick to show their excitement.
- ★ As children start to try to "read" on their own, they often turn the pages of the book, looking at the pictures while they make up their own story.
- ★ Are there some storybooks that your children ask you to read again and again? You may find your children "reading" these books on their own by looking at the pictures and telling the story. They may use a mixture of their own words and some of the actual words from the story. This is an important step in learning to read because it means that children realise that written words stay the same each time you read them.
- ★ As children begin to read aloud for themselves, you may notice that they try to guess what a word is by thinking about what has already happened in the story. Or they may use the pictures to give them clues about what the unfamiliar word might be. These are clear signs that your children are well on their way to becoming independent readers.

Indlela yokusebenzisa izindaba zethu ngezindlela ezihlukahlukene

1. **Xoxela ingane yakho indaba.** Funda futhi ulungiselele ukuxoxa indaba. Bese usebenzisa izwi lakho, ubuso nomzimba ukwenza indaba iphile.
2. **Fundela ingane yakho indaba.** Xoxa ngemifanekiso. Buza, "Ucabanga ukuthi kwenzekani ngokulandelayo?" noma "Ucabanga ukuthi kungani umlingiswa esho noma enze lokho?"
3. **Funda indaba nengane yakho.** Fundani indaba ndawonye ngokushintshana. Ungawalungisi amaphutha azo, futhi nikeza usizo kuphela uma zikucela.
4. **Lalela ingane yakho ifunda.** Lalela ungaphazamisi. Yisho ukuthi uyakujabulela ukuzizwa zikufundela ngokuzwakalayo.
5. **Dlalani imidlalo ethi Yenza indaba ihlabe umxhwele!** Lokhu kufanele kujabulise kuwe nasengani yakho.

How to use our stories in different ways

1. **Tell the story to your child.** Read and practise telling the story. Then use your voice, face and body to bring the story to life.
2. **Read the story to your child.** Talk about the pictures. Ask, "What do you think happens next?" or "Why do you think the character said or did that?"
3. **Read the story with your child.** Take turns to read the story together. Don't correct their mistakes, and only help if they ask for it.
4. **Listen to your child read.** Listen without interrupting. Say that you enjoy hearing them read aloud to you.
5. **Do the Get story active! activities.** This should be fun for you and your child.



Drive your imagination

Izindaba zikaNal'ibali

Nal'ibali News

Amakhona okufunda anikeza izingane intokozo enkulu ngenkathi zisesibhedlela

USibongiseni Blose unguMdiyeli Wezinhlalo Zikazwelonke kaNal'ibali futhi uzinze KwaZulu-Natali. Ngowezi-2022, uSibongiseni wagqunguzelwa ukuthi enze amakhona okufunda ezibhedlela zezingane. Wayazi ukuthi la makhona okufunda ayengeke abe yindawo yokuchitha isizungu nje kuphela. Ayezohlinzeka ngendawo lapho izingane zingakhuthaza ukujubalala kwemicabango yazo, zibalekele emihlabeni emisha ziphinde zithole ukuduzeka okuthile ngesikhathi zisesibhedlela.



USibongiseni Blose, oyivulandela lamakhona okufunda esibhedlela
Sibongiseni Blose, pioneer of hospital reading corners.

Reading corners bring joy to children in hospitals

Sibongiseni Blose is Nal'ibali's National Programmes Coordinator and is based in KwaZulu-Natal. In 2022, Sibongiseni was inspired to create reading corners in children's hospitals. She knew that a reading corner could be more than just a distraction. It would provide a space for children to engage their imaginations, escape into new worlds and find some comfort during their hospital stay.

1.

Yini eyaphemba umqondo wokwakha amakhona okufunda ezibhedlela?

Ngiseyingane, ngake ngaba sesibhedlela izinyanga eziyisithupha, ngihlukene nomndeni wami nempilo engangiyazi. Ngaleso sikhathi, othisha abanokunakekela babeqhuba amakilasi futhi benza isikhathi sokufunda saba isikhathi esijabulisayo nesithathekayo. Intshisekelo yabo yangisiza ngakhohlwa ubuhlungu obabubangwa isimo sami futhi kwagcina ingqondo yami isebenza. Lesi simo engabhekana naso asigcinanga nje ngokungisiza ngokwasemoyeni kodwa sangisiza ngakwazi ukuqhubeka nezifundo zami, kwathi lapho ngidedelwa esibhedlela, ngakwazi ukudlulela ebangeni elilandelayo esikoleni.



"Kumayelana nokunikeza izingane ezisezibhedlela ithuba lokuzwa injabulo nempilo ejwayelekile, ukuzisiza kulesi sikhathi sokuba sesibhedlela zinethemba nokuwesekwa engaba nenhlamba yokukuthola."

"It's about giving children in hospitals a chance to experience joy and normality, helping them through their hospital stay with the same hope and support I was lucky enough to receive."

1.

What sparked the idea of placing reading corners in hospitals?

As a child, I spent six months in hospital, separated from my family and the life I knew. During that time, caring educators held classes and made reading time a fun and engaging adventure. Their enthusiasm helped me to forget the pain caused by my condition and kept my mind active. This experience not only helped me emotionally but also allowed me to keep up with my studies, and when I was discharged, I was able to move on to the next school grade.

2.

Aqalwa nini amakhona okufunda okuqala futhi abekwa kuziphi izibhedlela?

Ikhona lokuqala lokufundela lakhiwa esibhedlela iPrince Mshiyeni Memorial ngowezi-2022. Emva kwalokho, ngakha amakhona okufunda ezibhedlela, esaseWentworth, eKing Edward, eSt. Aidan's nase-Addington. Nginentokozo enkulu ukwengeza ezinye izibhedlela eziningi!



Amakhona okufunda kaNal'ibali anika izingane ithuba lokujwayelana nezincwadi, ukufunda nokuzizwa zinakekelwa.

Nal'ibali Reading Corners give children a chance to engage with books, learn and feel cared for.

2.

When were the first reading corners started and in which hospitals?

The first reading corner was established at Prince Mshiyeni Memorial Hospital in 2022. After that, I set up reading corners at Wentworth Hospital, King Edward Hospital, St. Aidan's Hospital and Addington Hospital. I'm so excited about including more hospitals!




(Iyaqhubeka ekhasini 13)
(Continued on page 13)

Yandisa umtapo wezincwadi wakho

Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi- **5** ukuya kwele- **12** alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi **5**, **6**, **11** kanye nele- **12** lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi **7**, **8**, **9** kanye nele- **10** lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Grow your own library. Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages **5** to **12** of this supplement.
2. The sheet with pages **5**, **6**, **11** and **12** on it makes up one book. The sheet with pages **7**, **8**, **9** and **10** on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Drive your imagination



Get story active!

- ★ Copy your favourite part of the story on a sheet of paper. Write down what is happening in that part of the story. Add speech or thought bubbles and write down what the characters are saying or thinking.
- ★ Use cardboard, glue and crayons to make a shongololo. Cut out cardboard circles, then glue them onto each other to make a shongololo.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Kopishela ephapheni ingxenye yendaba oyithandayo. Bhala ukuthi yini eyenzekayo kuleyo ngxenye yendaba. Yengeza amabhamuza enkulumo noma emicabango bese ubhala phansi lokho okushiwo noma okucatshangwa abalingiswa.
- ★ Sebenzisa amakhalibhothi, iglu namakhrayoni ukwenza ishongololo. Sika iziyingi zekhalibhothi, bese uzinamathisela uzelekanise esinye phezu kwesinye ukwenza ishongololo.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org.



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.



Drive your
imagination

Shongololo




Ishongololo

Matthew Griffiths • Tumisang Shongwe
Sarah McGregor • Stefania Origgi

Ideas to talk about: Do you know another name for a shongololo? When you watch a shongololo crawl, does it remind you of something else that moves in a similar way? What other insects, worms or bugs do you find interesting?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Likhona elinye igama olaziyo leshongololo? Uma ubukele ishongololo likhasa, ingabe kukhona okunye elikukhumbuzane ngako okuhamba ngendlela efanayo? Yiziphi ezinye izinambuzane, imisundu noma izilokazane othi uma uzibona uthatheke?





Nganyela njengenyo ka nganyela
 eduze kwakhe kuliso siminyanya.
 Ngamoyizela ngibuka
 intombazanyana ngase ngiyikitaza
 emlenzeni maqede yanyakaza
 ngokujabula enqulwini kanina.
 Isandla sami sashlelela kalula nje
 kumapiliti esiket i sikanina. Ngathola
 isishuqulwana semali. Ngokuphazimia
 kweso yayisisisekukhwinini lami.

I moved like a snake and slipped in
 beside her in the crowd. I smiled at
 the little girl and tickled her leg and
 she giggled happily on her mother's
 hip. My hand slid easily into the folds
 of her mother's skirt. I found the
 small bundle of money. One quick
 movement and it was in my pocket.

HEARTLINES
 The Centre for Values Promotion



For more information, please email info@heartlines.org.za or
 phone (011) 771 2540.

Ukuze uthole olunye ulwazi thumela i-imeyili
 kwa-info@heartlines.org.za noma ushayele kwa-(011) 771 2540.

Get story active!

- ★ Has someone ever taken something that belongs to you? How did it make you feel?
- ★ Why do you think people steal things? Do you think it is ever okay to steal? Why or why not?
- ★ Is it always easy to do the right thing? Explain your opinion.
- ★ Imagine that the boy from the story keeps a diary in which he writes down what happens each day, as well as his thoughts and his feelings. Why not try to write his diary entry for the day in the story?

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Ukhona umuntu owake wathatha into yakho? Kwakwenza wazizwa kanjani lokho?
- ★ Ucabanga ukuthi abantu basuke bezintshontshelani izinto? Ucabanga ukuthi sikhona isimo lapho kulungile khona ukuntshontsha? Kungani kunjalo noma kungenjalo?
- ★ Ingabe kuhlezi kulula ngaso sonke isikhathi ukwenza okulungile? Chaza umbono wakho.
- ★ Ake sithi umfana osendabeni unedayari abhala kuyo okwenzeka usuku ngosuku, kanye nemicabango nemizwa yakhe. Kungani ungazami ukubhala idayari yakhe yosuku endabeni?

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment
 campaign to spark and embed a culture of
 reading across South Africa. For more information,
 visit www.nalibali.org.



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela
 ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko
 lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole
 eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.



Drive your
 imagination

I am the man



Mina ngiyindoda?

Bridget Krone • Lois Neethling

Ideas to talk about: What do you think the title, *I am the man*, means? What makes you feel proud of yourself? What can girls say to show that they are proud of themselves?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Ucabanga ukuthi sichazani isihloko esithi, *Mina ngiyindoda*? Yini ekwenza uzizwe uziqhenya ngawe? Yini engashiwo amantombazane ukukhombisa ukuthi ayaziqhenya ngokuba yiwo?

No one sees my hands work, because I have feather fingers. These fingers of mine can lift a wallet from your back pocket so lightly, so quickly, that you will not feel even a tiny tug. I can unclip a watch so fast while you are bending down to light my cigarette that you will never remember the touch of my hand. And I know exactly where you have zipped your cellphone. It calls to me from that secret pocket in your bag ... I can hear it from across the taxi rank.

I saw the woman by the entrance to the wholesalers. She had a small girl with her, clinging to her skirt. I watched her take out a bundle of money knotted into a dirty piece of cloth. She counted the notes and coins secretly, keeping them close to her body. She frowned and tucked the money into a hidden pocket in her skirt. She swung the child onto her hip and entered the shop.

Ngaphenduka ngase nginyamalala. Kodwa isinyaminya sabantu sasingcindezele ngapha nangapha ngakho ngangabaza. Intombazanyana yamoyizela yayisizemboza ngobuso ngamahlonzana ehlombe likanina. Ngabe kwakuwukumoyizela kwayo okwenza ngiphanelwe yikhanda? Ngabe yingakho nje ngathatha lelo thuba? Ngihlale ngiphunyuula nje mina. Ngigale ngihambe kancane nje ukuze nginganakeki emva kwalokho, uma sengiqhede ngokwanele, bese ngiyagijima.

Ngiphuma ngingena phakathi kwizixuku, inhliziyoshiyela phezu – nginyamalale. Kodwa kulokhu angizange. Angyanga ndawo; ngangidamane ngilandela owestifazane lapha esitolo, ngimbuka ngenkathi ekukula isaka lempuphu elifaka engoleni, ngambuka ebuyisela amatutha okuphela emuva eshalofini. Ngambona nalapho ethatha iqhuzu lensipho yokugciza eluhlaza okotshani nesaka likabhontshiso owomile. Ngambuka nalapho esekhuphukela emshinini okukhokhwa kuwo. Ngangikwazi kahle kamhlophe okwakuzokwenzeka.

If you think I'm going to tell you how to live your life, you are wrong. Just wait until you know me a bit better and you'll see that I'm not that kind of guy. You mustn't take any life lessons from me. All I'm going to do is tell you what happened and then you must work things out for yourself.

Uma ucabanga ukuthi ngizokutshela ukuthi uyiphile kanjani impilo yakho, unephutha. Vele ulinde uze ungazi kangconywa, uzobona ukuthi angilona lolu hlobo. Akumele uthathe izifundo ngempilo kimi. Engizokutshela khona nje wukuthi kwenzekani bese wena uzifundela kwezakho.

I ducked and disappeared into the crowd.

I walked slowly so I didn't attract attention and then I ran. Man, I ran! I felt as if my feet had wings. My heart was pounding with a new feeling. I have never felt such happiness. I punched the air with my fist.

I am THE MAN!

Ngathi tshobe nganyamalala esixukwini.

Ngahamba kancane ukuze nginganakeki, emva kwalokho ngagijima. Hheyi, ngagijima, uyezwa!

Ngangizwa sengathi izinyawo zami zinezimpiko. Inhliziyoyami yayishaya, nginomuzwa omusha.


Ngangingakaze ngikuzwe ukujabula okunjena. Ngashaya emoyeni ngenqini yami.


Mina NGIYINDODA!

I turned to slip away. But the crowd was pressing around me, so I hesitated. The little girl smiled and buried her face shyly in her mother's shoulder. Was it her smile that made me lose my head? Was that why I took such a chance? I get away every time. I walk slowly at first so as not to attract attention and then, when I have gained enough distance, I run. I weave in and out of the crowds, my heart pounding – I disappear. But this time I didn't. I stayed; trailing the woman in the shop, watching her as she lifted the bag of mealie meal into her trolley, watching as she put the cooking oil back on the shelf. I saw her pick up a small bar of green soap and a bag of dried beans. I watched as she went up to the till.

I knew exactly what was going to happen.

Akheho noyedwa obona izandla zami uma zisebenza, ngoba nginemimwe eyizimpapahle. Le minwe yami ingakhipha isikhwama semali ekhukhwini lakho elingemuva ngobunono, ngokushesha, ngendlela yokuthi ngeke uzwe ngisho nokuncane ukuthinteka. Ngtyakwazi ukukhumbula iwashi ngokushesha ngenkathi ugobile ukuze wokhele ugwayi wami, kanti ngeke uze ukukhumbule ukuthintwa yisandla sami. Futhi ngazi kahle kamhlophe lapho uvalele khona umakhalakhukhwini wakho. Wona uyangibiza ekhukhwini lakho lemfilo esikhwameni sakho ... ngiwuzwa ngingaphesheya kwerenki yamatkisi. Ngabona owesifazane emnyango ongenela ezitolo. Wayehamba nentombazanyana, imbambegqokwe ngendwangu engcolile yayisiboshwa amafindo. Wayesebala engamaphapha newuhlweza ekusithakeni, eyisondeza eduze komzimba wakhe Uthe esuka wayehwaga ebusweni wayeseyifihla imali ekhukhwini elingaphakathi esiketini sakhe. Wayeseshibela ingane enqulwini yakhe maqede wangena esitolo.







I can't remember what he was wearing ... no distinguishing marks or features. I think he went ... that way." And you would point, but you wouldn't be certain.

It was a Saturday morning and month-end: the best day for picking pockets. I can get lost in the crowd better than anyone else on the streets. I am small for thirteen and you would not remember my face if you had to report me to the police. "Just a small boy, Officer," you would say. "Short hair, brown eyes I think ... um ...

KwakunguMgqibelo ekuseni, kuphela inyanga: usuku oluhle lokukhuthuza emakhukhwini abantu. Ngiyakwazi phela ukunyamalala nje kubantu abaningi kangcono kunawo wonke umuntu osemigwaqweni la. Ngimncane kunoneminyaka eyishumi nantathu kanti ngeke ubukhumbule ubuso bami uma kufanele ubike ngami emaphoyiseni. "Wumfana omncane nje, Phoyisa," uzosho njalo. "Unezinwele ezimfishane, unamehlo ansundu, ngiyacabanga ... mhh ... angisakhumbuli ukuthi ubegqokeni ... akukho zimpawu ezimenza ahluke kwabanye. Ngicabanga ukuthi ... ushone ngaleya." Uzosho njalo usukhomba, kodwa isiqiniseko uzobe ungenaso.



Wakhala kakhulu ethukile kanti ngangilibona kahle ikhala novalo ngenkathi izandla zakhe zicinga ziphindelela emakhukhwini akhe. Oshaya omshini wayengenandaba. Wachofza inknobho ngaphansi komshini wokukhokha ukuze abize imenja, ebukeka enobuso obudiniwe.






She cried out in shock and I could see her panic as her hands hunted through her pockets again and again. The cashier didn't care. He pushed a button under his till to call the manager; a bored look on his face.

The manager stood talking to her, his hands on his hips. His face was like a blank wall. Lots of people were crowding round to look at the woman. I moved like a snake and slipped in beside her. I made two quick movements. With one hand I slipped the bundle of money into the little girl's fist and with the other I pinched her leg. Hard. She cried out and her mother turned to her.

Imeneja yama ikhuluma naye, izandla zayo izibeke ezinqulwini. Ubuso bayo babufana nobonda olungenalutho. Iningi labantu lase liyisixuku lizungeze lona wesifazane. Nganyelela njengenyoka ngazithola sengiseduze kwakhe futhi. Ngenza iminyakazo emibili esheshayo. Ngesandla esisodwa ngafaka isixha semali esandleni sentombazanyana ngayifumbathisa kwathi ngesinye isandla ngayincweba emlenzeni. Kakhulu. Yakhala kakhulu unina waphenduka wayibheka.







Izindaba zikaNa'ibali

Na'ibali News

(Iyaqhubeka isuka ekhasini lesi-4)
(Continued from page 4)



3. Ubani owengamele la makhona okufunda nsuku zonke?

Kuzo zonke izibhedlela amakhona okufunda abhekwe abasebenzi basesibhedlela, kuthi abafundisa ukukhuluma nabahlengikazi besize ngokufundela izingane. Isibhedlela saseWentworth senze isiphakamiso sokuthi kulethwe amavolontiya avela emphakathini ukuze ahlanganyele nezingane ezikhathini ezijabulisayo zokufunda nokuxoxa izindaba. Kusenezinselelo nokho. Enye ngokusiza ukugcina izincwadi emakhoneni okufundela. Ezinye izibhedlela zigxiviza izincwadi ukuze zigweme ukuthathwa kwazo ewodini lapho izingane sezidedelwa esibhedlela, nokho kodwa lokhu kusenzeka. Enye umkhankaso ukwenza isiqiniseko sokuthi kulethwa izincwadi ezintsha njalonjalo.



Njengomuntu okungukuphela kwakhe kaNa'ibali KwaZulu-Natali, kuyinselelo enkulu ukugcina amakhona okufunda ezibhedlela, kodwa uSibongiseni uyakwenza lokhu!

As the only Na'ibali person in KZN, it's a challenge to maintain the hospital reading corners, but Sibongiseni does it!

3. Who manages these reading corners every day?

In all the hospitals, the reading corners are managed by the hospital staff, with speech therapists and nurses volunteering to read to the children. Wentworth Hospital has proposed bringing in local volunteers to engage children in fun reading and storytelling sessions. There are some other ongoing challenges. One is maintaining the books in the reading corners. Some hospitals stamp the books to prevent them from being taken out of the ward when children are discharged, but this can still happen. Another challenge is making sure the books are replenished regularly.

4. Bakuthatha kanjani lokhu abazali, abahlengikazi nabasebenzi basezibhedlela?

Bakuthatha ngezindlela ezingefani lokhu abantu abadala. Abanye abazali babengawuqondi umqondo walokhu ngakho bakhombisa ukungabi nantshisekelo. Nokho, ngenkathi ngivakashela isibhedlela saseWentworth, enye ingane eyodwa yayilokhu ikhetha incwadi ethile njalo lapho ibuyela ekhoneni lokufunda. Unina wamangala ngokuthi indodana yakhe yayikujabulela lokhu ngakho waqala ukuya nayo ekhoneni lokufunda ukuze afunde nayo. Ngakho-ke, kungenzeka ukuguqulwa kwesimo sokucabanga. Nakuba abanye abahlengikazi babekujabulele lokhu futhi besiza ekulungiseni izindawo zokufunda, kodwa umsebenzi wabo phela ugxile ekwelapheni iziguli, hhayi ukufunda.



Umsebenzi wasesibhedlela ufundela ingane eyisiguli esibhedlela

A hospital staff member reads to child patient.

4. What was the response of parents, nurses and hospital staff?

I got mixed responses from the adults. Some parents didn't understand the idea and weren't interested. However, when I visited Wentworth Hospital, one child picked a particular book each time he came back to the reading corner. His mother was amazed that her son enjoyed it so much and started visiting the reading corner with him to read with him. So, a change in attitude is possible. While some of the nurses were excited and helped set up the reading spaces, their focus is on treating patients, not reading.

5. Uzizwa kanjani uma ucabanga ngempumelelo yamakhona okufunda ezibhedlela?

Uma ngicabanga ngempumelelo yamakhona okufunda ezibhedlela, ngizizwa ngigculisekile futhi nginokubonga okukhulu. Njengoba ngangibe sesibhedlela isikhathi eside ngiseyingane, ngiyazi ukuthi kungaba nomzwangedwa nesizungu ukuba wedwa. Yingakho ngaqala uhlelo lwe-#LeaveNoChildBehind. Zonke izingane ezisesibhedlela zifanelwe okungaphezulu nje kokunikwa umbhede nokwelashwa. Zifanelwe injabulo, ukukhuthazwa nokuthile okufanele zikulangazelele. Uhlelo lwe-#LeaveNoChildBehind luhlose ukuqinisekisa ukuthi yonke ingane iyeseqwa. Ngiye ngizwe inhliziyoyami inokuthokomala lapho ngibona abantu abadala befunda kanye nezingane zabo.

Yebo, kuyingxenye yomsebenzi wami, kodwa ngaphezu kwakho konke, kuyingxenye yokubuyisela okuthile emphakathini. Izincwadi nokufunda kungasiza izingane ezigulayo zike zikhohlwe ngesimo sazo. Kuzisize ziqonde ukugula kwazo, zibhekane nemizwelo yazo futhi ziqale nokwelulama imbala.



Ukweseka okunikezwa ngabasebenzi besibhedlela kuchaza ukuthi ayikho ingane ezosala ngemuva

Support from hospital staff means no child is left behind.

5. How does it make you feel when you think about the success of the hospital reading corners?

When I think about the success of the hospital reading corners, I feel fulfilled and grateful. Having been in hospital for a long time when I was a child, I know how lonely and isolating it can be. That's why I started the #LeaveNoChildBehind initiative. Every child in the hospital deserves more than just a bed and treatment. They deserve joy, stimulation and something to look forward to. #LeaveNoChildBehind aims to ensure that every child is supported. It has been truly heartwarming to see adults get involved by reading with their kids.

Yes, it's part of my job, but more than anything, it's about giving back to the community. Books and reading can provide an escape for sick children. They help them understand their illness, work through their emotions and even begin to heal.





Ingifanela kahle nje impela

Ngu-A. le Roux ■ Imifanekiso nguBrice Reignier



UNogwaja uyama khimili. Phambi kwakhe kwenabe ihlanze eligabe ngezihlahla notshani ibanga elide. Kunendledlana enqamula otshanini nasezihlahleni. UNogwaja kufanele alandele le ndledlana azame ukucinga ikhaya elisha.

UNogwaja uyahogela emoyeni. Umoya uphephula ijazi lakhe kunanele namadevu akhe.



Njengoba uNogwaja eqala ukugijima elandela indlela, ubona inungu, usiba lwengungumbane. Uyalubuka okwesikhashana, uyagoba ukuze alubukisise kahle, bese ethi, "Lungifanela kahle impela nje." Ngalawo mazwi, uyalucosha alufake esikhwameni sakhe.

Ngaphambidlana endleleni, uNogwaja uhlanga nesikhonkwane sikajantshi westimela. Uyasibuka okwesikhashana, agobe ukuze asibukisise kahle, bese ethi, "Singifanela kahle impela nje." Ngalawo mazwi, wasicosha wasifaka esikhwameni sakhe.

Uhambo lukaNogwaja luyaqhubeka ehlanzeni aze azithele phezu kofudu lulele endleleni. Alubuke okwesikhashana, agobe alubukisise kahle, bese ethi, "Lungifanela kahle impela nje." Ngalawo mazwi, alucoshe bese elufaka esikhwameni sakhe.

Eduze kweqoqwana lezihlahla, uNogwaja uyamangala ukuzithela phezu kwesibhamu sokuzingela. Asibuke okwesikhashana, agobe ukuze asibukisise kahle, bese ethi, "Singifanela kahle impela nje." Ngalawo mazwi, asicoshe asifake esikhwameni sakhe.

Ekugcineni, uNogwaja ubona indlu le kujana. Ahambe asondele ngakuyona, ahogele umoya futhi, namadevu akhe adikize, angqongqoze bese ethi, "Ukhona okhona lapha ekhaya?" Kubukeka kukhala ibhungezi endlini, ngakho uNogwaja angene, avale isicabha aze asishude lapho esengaphakathi.

Njengoba uNogwaja ehla ezinza endlini yakhe entsha, ezwe ubukhohlakhohlo nokubhovumula okuvela esicabheni. "Ubani osendlini yami?" kuzwakale iphimbo phandle.

UNogwaja acathamele ngakhona alunguze ngomfantu osesicabheni. Nakho-ke ebona ibhubesi elikhulukazi, elinolaka. UNogwaja aphenyule ngokushesha, "Bhubesi, awungazi. Ngiyinunu enkulukazi owake wayibona empilweni yakho kanti-ke manje le ndlu sekungeyami. Ngijifice ingenamuntu ngabe sengizithathela yona yaba ngeyami."

Lithe uma ezwa lokho uBhubesi wabhonga kakhulu kangangokuba kwenanela ihlane lonke nezilwane zasakazeka izinkalo zonke zibaleka kwathi nezinyoni zandiza zabaleka ezihlahleni.

"Yimina iNkosi yalapha ehlanzeni!" kwabhonga uBhubesi ngentukuthelo. "Akekho omkhulu nowesabeka ukwedlula mina. Angithi ngibhonga ngephimbo elikhulu kunawo wonke futhi akekho onezinzipho ezibukhali njengezami?"

UNogwaja, ohlakaniphe kakhulu, wacabanga ngalokhu isikhashana ngaphambi

kokuphendula. "Ake sihlale phela ukuze sibone ukuthi ubani inunu enkulu kunazo zonke. Inunu enkulu kunazo zonke kuzoba iyona umnikazi wale ndlu. Manje, shutheka unwele lwakho olulodwa ngaphansi kwesicabha ukuze ngibone nami ngizokwenza okufanayo. Khona-ke uzobona ukuthi ngiyinunu enkulu kunazo zonke," kusho uNogwaja.

UBhubesi wayenesiqiniseko sokuthi lokhu kwakuzoba lula. Wadoncula uboya esikhumbeni sakhe esinsunjwana wabushutheka ngaphansi kwesicabha ngenkathi noNogwaja eshutheka inungu yengungumbane ngaphansi kwesicabha. UBhubesi ethuke kakhulu anikine ikhanda.

"Ngicabanga ukuthi ngihamba phambili kulesi sivivinyo," kusho uNogwaja. "Manje faka uzipho lwakho ngaphansi kwesicabha ngibone ukuthi izinzipho zakho zibukhali kangakanani."

UBhubesi wayenesiqiniseko sokuthi lokhu kwakuzoba lula. Washutheka uzipho lwakhe ngaphansi kwesicabha ngenkathi noNogwaja eshutheka isikhonkwane sikajantshi westimela ngaphansi kwesicabha.

UBhubesi wethuka kakhulu waphinde wanikina ikhanda.

"Ngicabanga ukuthi nalesi sivivinyo ngiyasinqoba," kusho uNogwaja. "Manje shutheka umkhaza wakho owodwa ngaphansi kwesicabha nami ngizokwenza okufanayo."

UBhubesi wayenesiqiniseko sokuthi lokhu kwakuzoba lula. Akhiphe umkhaza esikhumbeni sakhe awushutheke ngaphansi kwesicabha ngesikhathi uNogwaja naye eshutheka ufudu ngaphansi kwesicabha.

UBhubesi wethuka kakhulu waphinde wanikina ikhanda.

"Isivivinyo sethu sokugcina umuntu ngamunye uzobhonga kakhulu ngendlela eyesabisayo. Njengoba kuseyimina engisaphumelele zonke izivivinyo kuze kube manje, ngizokudedela ubhonge kuqala," kusho uNogwaja.

UBhubesi wakhokha umoya kakhulu, walungisa umphimbo wakhe wabe esebhonga kakhulu ngendlela eyesabeka kakhulu kunakho konke ake akubhonga, kodwa uNogwaja wakhhipha isibhamu sokuzingela wasidubula emoyeni.

Ukuqhuma kwezwakala ehlanzeni lonke noBhubesi wethuka kangangoba waphenduka wabaleka kakhulu, wabaleka waze wayosithela le kude uNogwaja wangabe asambona.



UNogwaja wazitholela kanjalo ke-indlu eyayimfanela kahle kakhulu. Futhi yingakho uBhubesi alahlekelwa yindlu yakhe kanti yingakho namanje engakuthandi ukuqhuma kwesibhamu sokuzingela.

Yenza indaba ihlabane umxhwele!

- Njengoba uBhubesi ebaleka nje, uyacabanga nje ukuthi kazi inunu esendlini njabe ibukeka kanjani. Dwebela lokho uBhubesi acabanga ukuthi inunu ibukeka njengako.
- Sebenzisa ubumba noma inhlama yokudlala ukwenza umfanekiso webhubesi nonogwaja.

- Bhala isibukezo sendaba. Ufake isifinyezo esifushane bese usho ukuthi kungani ungayincoma noma ungeke wayincoma kwabanye abafundi abangangawe noma abancane kunawe.



Drive your
imagination



It suits me just fine

By A. le Roux ■ Illustrations by Brice Reignier



Hare stands still. Before him lies the veld with trees and grass and grass and trees. A path runs through the grass and trees. Hare must follow the path in search of a new home.

Hare sniffs the air. The wind lifts his coat, and his whiskers twitch.



As Hare starts running along the path, he sees a porcupine quill. He looks at it for a moment, bends down to look at it more carefully, then says, "It suits me just fine." With that, he picks it up and puts it in his bag.

Further along the path, Hare comes across a railway spike from a train track. He looks at it for a moment, bends down to look at it more carefully, then says, "It suits me just fine." With that, he picks it up and puts it in his bag.

Hare's journey continues through the veld until he comes across a tortoise lying in his path. He looks at it for a moment, bends down to look at it more carefully, then says, "It suits me just fine." With that, he picks it up and puts it in his bag.

Near a clump of trees, Hare is very surprised to come across a hunting rifle. He looks at it for a moment, bends down to look at it more carefully, then says, "It suits me just fine." With that, he picks it up and puts it in his bag.

Finally, Hare sees a house in the distance. He walks closer, sniffs the air and, with whiskers twitching, he knocks and calls out, "Anyone home?" The house looks empty, so Hare walks in, closes the door and bolts it behind him.

As Hare is settling into his new house, he hears a rattle and a roar from the door. "Who is in my house?" a voice says from outside.

Hare tiptoes closer and peeps through a crack in the door. He sees a huge, fierce lion. Hare quickly answers, "Lion, you don't know me. I am the biggest monster ever, and this house is now my house. I found it quite empty and claimed it."

On hearing this, Lion roars such a fierce roar that all the animals scatter from the veld and all the birds fly from the trees.

"I am the King of this veld!" roars Lion angrily. "There is no one who is bigger and more fearsome than I am. Don't I have the loudest roar and the sharpest claws?"

Hare, who is very clever, thinks about this for a moment before replying.

"Let's do some tests to see who the biggest monster is. The biggest monster will have this house. Now, push one of your hairs under the door for me to see and I will do the same. Then you will see that I am the biggest monster," says Hare.

Lion is sure that this is going to be easy. He plucks a hair from his tawny coat and pushes it under the door just as Hare slips the porcupine quill under the door. Lion gets a big fright and shakes his head.

"I think I win this test," says Hare. "Now stick one of your toenails under the door and let me see just how sharp your claws are."

Lion is sure that this is going to be easy. He sticks one of his toenails under the door just as Hare pushes the railway spike from a train track under the door.

Lion gets a big fright and shakes his head again.

"I think I win this test too," says Hare. "Now push one of your ticks under the door, and I will do the same."

Lion is sure this is going to be easy. He takes a tick off his coat and pushes it under the door just as Hare slips the tortoise under the door.

Lion gets a big fright and shakes his head again.

"For the final test we will each roar our most frightening roar. As I have won all the tests so far, I will let you go first," Hare says.

Lion takes a deep breath, clears his throat and roars the loudest, most frightening roar ever, but Hare pulls out the hunting rifle and shoots it into the air.

The boom echoes across the veld, and Lion gets such a fright that he turns around and runs and runs until he disappears into the distance and Hare can no longer see him.



And that is how Hare found a house that suited him just fine. And that is why Lion lost his house and why he still does not like the boom of a hunting rifle.

Get story active!

- As Lion runs away, he imagines what the monster in the house looks like. Draw what Lion imagines the monster is like.
- Use clay or play dough to make a model of a lion and a hare.

- Write a review of the story. Include a short summary and say why you would or wouldn't recommend it to other readers of your age or younger than you.

Okokuzithokozisa kwakwaNa'ibali

Na'ibali fun



1.

a) Ungamatanisa amagama asebhokisini ngezansi nomlingiswa ngamunye kaNa'ibali?

a) Can you match the names in the box below to each of these Na'ibali characters?



JOSH

NOODLE

NEO

BELLA

MBALI


GOGO

HOPE

PRIYA

b) Ungamatanisa abalingiswa nezithunzi zabo?

b) Can you match the correct shadow to the picture?



2.

UGogo uyathanda ukufunda izindaba!

Gogo loves reading love stories!

a) Bhala izigaba ezimbalwa zendaba efundwa uGogo eceleni kwesithombe sakhe.

a) Write a few paragraphs of the story that Gogo is reading next to the picture of her.

b) Faka umbala esithombeni sikaGogo noNoodle.

b) Colour in the picture of Gogo and Noodle.



Impendulo: 1, d) E
Answer: 1, d) E

UNa'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

Na'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

TheNalibaliChannel

nalibaliSA

@nalibaliSA

@nalibalisa

@nalibalisa

nalibalisa

The Na'ibali Trust

+27 64 801 5496

Produced by The Na'ibali Trust. Translation by ZabeNguni Media (Pty) Ltd. Na'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI
EYETHU

POLOKWANE
OBSERVER



Drive your imagination

